



Cambridge IGCSE™

CANDIDATE
NAME

CENTRE
NUMBER

--	--	--	--	--

CANDIDATE
NUMBER

--	--	--	--



ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

0531/01

Paper 1 Reading and Writing

October/November 2020

2 hours

You must answer on the question paper.

No additional materials are needed.

INSTRUCTIONS

- Answer **all** questions.
- Use a black or dark blue pen.
- Write your name, centre number and candidate number in the boxes at the top of the page.
- Write your answer to each question in the space provided.
- Do **not** use an erasable pen or correction fluid.
- Do **not** write on any bar codes.
- Dictionaries are **not** allowed.

INFORMATION

- The total mark for this paper is 70.
- The number of marks for each question or part question is shown in brackets [].

This document has **16** pages. Blank pages are indicated.

Umsebenzi 1

Funda lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo esekhasini elilandelayo.

HAMBA KALULA

Cindezela inkinobho bese imoto iza kuwe ngokushesha. Ngena emotweni ukhululeke ngoba umshayeli wakho uyazi ukuthi uzofika kanjani lapho udinga ukuya khona. Uma usufikile, awudingi ukuba nemali esikhwameni noma ikhadi lasebhange.

Sikuthatha sikubeke yonke indawo. Akukhethile ukuthi uya kuphi. Kungaba ukuthi udinga ukuya esikhumulweni sezindiza, udinga ukuyokwenza izinto ezimbalwa edolobheni, uyazikhipha nabangane niyothola iziphuzo, noma nje uthatha uhambo lwansuku zonke. Awudingi nokubekisa, uvele uciphize inkinobho bese iyafika imoto ngokushesha.

Sinezinhlobo ezahlukeneyo zezimoto. Uyakwazi ukuzikhethela uhlobo lwemoto ezohambisana nawe kanye nohambo oluthathayo. Kukhona izimoto ezibiza kancane ezingakuhambisa noma kuphi lapho ufuna ukuya khona kuphinde kube khona izimoto ezinkudlwana ezingalayisha abantu abayisithupha noma izimoto zikanokusho ezikhonzwe kakhulu ngosomabhizinisi. Konke lokhu kusezandleni zakho, unelungelo lokuzikhethela uhlobo lwemoto othanda ukuhamba ngayo.

Awufoni, awubekisi, awulindi isikhathi eside. Uchofoza inkinobho noma kungasiphi isikhathi sosuku noma sonyaka. I-*app* yethu iyakubona lapho ukhona. Wena kumele ufake ikheli nje lalapho ofisa ukuya khona. Umshayeli uzofika esekulungele ukukuhambisa lapho.

Okundingekayo ukuze ukwazi ukubiza imoto ukuba ube ne-*app* yethu kumakhalekhukhwini wakho. Iyatholakala mahhala kwa-*Google Play* noma kwa-*App store*. Uyakwazi ukufaka imininingwane yakho. Ungafaka imininingwane yekhadi othanda ukukhokha ngalo ukuze ungadingi ukuphatha imali esandleni. Uma isifika imoto ezokuhambisa uyangena, uhambe bese kuthi uma usufikile lapho uya khona uvele uphume.

Uyakwazi nokusazisa ukuthi uhambo lwakho lube njani ukuze senze kangcono ngokuzayo uma kukhona isidingo. Emva kohambo lwakho ungasithumela umyalezo kuyo i-*app* yethu ukuze sazi ukuthi uphatheke kanjani.

Kuphephile kakhulu ukusebenzisa izimoto zethu. Miningi imininingwane yemoto kanye nomshayeli okwazi ukuyibona. I-*app* iyakubonisa ukuthi baphawula bathini abanye abagibeli ngomshayeli wakho. Okunye okubonayo ukuthi usenesikhathi esingakanani umshayeli wakho enza lo msebenzi.

- 1 KwaHamba Kalula bakhambisa kuziphi izindawo futhi ngaziphi izikhathi?
.....
..... [1]
- 2 Ubani okukhethela uhlobo lwemoto ozohamba ngayo?
.....
..... [1]
- 3 Ngokwesikhangiso, ngobani abathanda izimoto zikanokusho?
.....
..... [1]
- 4 Udingani umshayeli ukuze akwazi ukukuhambisa lapho ofisa ukuya khona?
.....
..... [1]
- 5 Yini okumele ukwenze uma ungathandi ukukhokha ngokheshi?
.....
..... [1]
- 6 Kumele wenze njani uma ufuna ukuncoma umshayeli okuphathe kahle?
.....
..... [1]
- 7 Yimiphi imininingwane evezwa yi-app ngomshayeli wakho? Nika **emibili**.
.....
.....
..... [2]

[Amamaki: 8]

Umsebenzi 2

Funda ngezansi bese wenza umsebenzi olandelayo.

UKhanyisile Mdletshe ungumuntu ozithandayo izilwane ezifuywayo emakhaya ezifana nezinja, amakati nezinye. Usafunda isikole okwamanje kodwa uma eqeda ufisa ukuyofunda eNyuvesi yasePitoli lapho ezokwenza izifundo zokuba ngudokotela wezilwane. Uneminyaka eyi-16 ubudala futhi useselelwe ngunyaka owodwa ukuba aqede e-*New Hanover High School* lapho engumfundi khona. Inombolo yesikole ithi, -063 9 245 536. Ikheli lona lithi, 132 *Chelmsford Road*, Bulawayo.

UKhanyisile uhlala nomama wakhe uSebenzile Mdletshe. Ubaba wakhe usebenza e-*Zambia* kanti uvame ukubuya emva kwezinyanga ezimbili. USEbenzile uyintatheli yephephandaba. Inombolo yakhe yocingo ithi -004 020 1723 kanti uyatholakala nakuyo i-imeyili ethi: sebenzilem@ezesizwe.org uthinteka kalula ngocingo ngoba uhlale esemgwaqeni. Ikhaya likaKhanyisile likunombolo-23 *Esigodini Road*, Bulawayo. Inombolo yocingo ithi, -063 9 263 323.

Njalo ngempelasonto uthanda ukuvakashela izindawo lapho kugcinwa izilwane ezidinga usizo. Uyathanda ukusiza lapho ngaphandle kokukhokhelwa. UKhanyisile ubone isikhangiso lapho kufuneka abantu abazosebenza ngezimpelasonto noma ebusuku esibhedlela esisha sezilwane. Lokhu kungaba yithuba elihle kakhulu kuye ngoba lokhu kuhambisana nezifundo afisa ukuzenza kanti futhi kuyinto athandayo ukuyenza.

- 8 Zicabange unguKhanyisile ugqwalisa leli fomu elilandelayo. Sebenzisa imininingwane etholakala ekhasini eledlule.

Imininingwane ngawe		
Igama:	[1]
Isibongo:	Mdletshe	
Ikheli:	[1]
Inombolo yocingo:	063 9 263 323.	
Iminyaka:	[1]
Igama lesikole sakho:	[1]
Imininingwane yomzali		
Igama lomzali esingamthinta:	[1]
Inombolo yocingo:	[1]
I-imeyili:	sebenzilem@ezesizwe.org	
Indlela esheshayo yokuxhumana nomzali:	[1]
Isipiliyoni somsebenzi		
Ulwazi lomsebenzi:	[1]
Izinsuku ongazisebenza:		
	Ebusuku	
	<input type="checkbox"/>	
	Ngempelasonto	
	<input type="checkbox"/>	[1]

[Amamaki: 9]

Umsebenzi 3

Funda lesi siqephu esilandelayo esikhuluma ngokuzithanda wena kuqala bese wenza umsebenzi osekhasini elilandelayo.

Kulula ukuphatha abanye abantu kahle ngokubahlonipha nokubakhombisa uthando kodwa sikhohlwe ukuzinakekela thina uqobo lwethu. Sichitha isikhathi esiningi sakha ubuhlobo noma ubungane nabanye abantu kodwa thina sizikhohlwe. Kubalulekile ukuthi nathi sizinake ukuze sikwazi ukuba nobudlelwane obunempumelelo nabanye abantu.

Kuqala ngokuthi wena ube ngumngane wakho. Lokhu kusho ukuthi uzithande, uzikhuthaze futhi uzilekelele ngendlela owenza ngayo nakulabo bantu obathandayo. Abanye abantu bazama ukuthola intokozo nokweneliseka ngaphandle noma kwabanye abantu. Akulula ukuba nabangane uma wena ungeyena umngane wakho omkhulu.

Ezinye zezinto ezingakusiza ukuba uphumelele kulokhu yilezi:

- Thokozela isikhathi sakho uwedwa. Abantu abaningi bachitha isikhathi sabo esiningi bexhumana nabangane nezihlobo ezinkundleni zokuxhumana nangokuphuma nabo baye ezindaweni zobumnandi. Angazi ukuthi bangaki abantu abasithathayo isikhathi sokuba babe bodwa bangathikamezwa ngamaselula abo noma omabonakude. Kuhle ukuba uzinike ithuba lokuba sendaweni ethule ukuze uzizwe nalapho ucabanga. Ngiyazi ukuthi akuyona into elula le ngoba sihlale sizungezwe abantu emsebenzini nasemakhaya. Okungisizayo mina ukuthi kanye ngeviki angihlali nozakwethu ngesikhathi selantshi. Ngiyaphuma ehhovisi ngizihambe ngedwa. Ngiyakholwa ukuthi ngishaya izinyoni ezimbili ngetshe elilodwa lapha ngoba lokhu kusiza nokuthi ngingahlali etafuleni lami usuku lonke.
- Funda ukuzethemba. Uma umuntu omthandayo enesidingo uyamsiza ngokumkhombisa uthando. Kuyenzeka ukuthi sidinge ukuthatha isinqumo noma sizithole sisessimweni lapho sidinga ukukhuthazeka. Wenzenjani kuleso simo uma kungekho mngane noma umuntu othandiweyo wakho eduze ngalowo mzuzu? Uyakwazi ukuthemba eyakho imicabango? Uyakwazi ukuphendukela kuwe uma unesimo esibucayi? Akekho umuntu odlula wena ekuthatheni izinqumo eziphathelene nempilo yakho. Kuhle wazi ukuthi uma uzithathela izinqumo akekho omunye umuntu ongamgxeka uma ungaphumeleli futhi akekho umuntu ongamncoma lapho uphumelela.
- Okokugcina ukuba ufunde ukuzixolela. Akekho umuntu ongawenzi amaphutha. Sonke senza amaphutha ahlukene empilweni. Akumele uzijezise kakhulu uma wenze iphutha. Ungaba kanjani ngumngane wakho uma ungazixoleli? Kumele ukhumbule ukuthi amaphutha akho ungakhetha ukuba aqede ngempilo yakho noma akufundise okuthile ngawe. Amaphutha akho yiwona akwenza ungafani nomunye umuntu oseceleni kwakho.

Ngakho-ke, ubungane buqala lapha kuwe. Yiba ngumngane wakho omkhulu nowokuqala ukuze ukwazi ukuba ngumngane wangempela nakwabanye.

Wena ubuhambele le nkulumo futhi wathatha namanothi ofisa ukwazisa abangane bakho ngokufundile.

Gcwalisa ngamaphuzu afanele ngaphansi kwezihlokwana ozinikeziwe ngezansi. Impendulo yokuqala ufakelwe njengesibonelo.

9 Abantu sibaphatha kahle...

- Ngokubahlonipha [1]
- [1]

10 Ukuba ngumngane wakho kusho...

- [1]
- [1]
- [1]

11 Ukubaluleka kokuzithathela izinqumo

- [1]
- [1]

12 Okumele ukukhumbule ngamaphutha akho

- [1]
- [1]

[Amamaki: 8]

Umsebenzi 4

- 13** Sebenzisa umbhalo otholakala kumsebenzi-3 ngenhla ukubhala ngokufingqiwe uveze izindlela umuntu angaba ngumngane wakhe kuqala empilweni.

Umbhalo wakho ofingqiwe kumele uveze amaphuzu abalulekile kuphela futhi ube namagama angeqile **kwangama-80**.

Ungawasebenzisa namanye amanothi ozenzele wona kumsebenzi-3.

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

[Amamaki: 5]

PHENYA IKHASI UKWENZA UMSEBENZI 5

Umsebenzi 5

14 Ngamaholide ubusiza esitolo sikamalume wakho.

Bhalela umngane wakho i-imeyili umxoxele ngalokhu.

I-imeyili yakho ingafaka nalokhu okulandelayo:

- Sikuphi isitolo
- Uhlobo lwesitolo
- Chaza obukwenza esitolo
- Yisho okufundile

I-imeyili yakho kumele ibe ngamagama ayi-150 kuya kwangama – 200 ubude.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-8 okuqukethwe.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-7 olimi nesitayela.

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

Umsebenzi 6

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.

USimangele ukhule azi ukuthi uzogcina esebenza kumabonakude noma abazali bakhe babenamanye amaphupho ngempilo yakhe. Abazali bakhe babefisa ukuba abe ngunjiniyela kwezikagesi. Uthando lokuba ngumethuli wezinhlalo zikamabonakude lwakhula kakhulu emva kokuba evakashele lapho kwakuqoshwa khona uhlelo lwabantwana. Wayeneminyaka eyi-14 kuphela ngaleso sikhathi.

Kwakufanele ukuba abacele abazali bakhe ukuba ayofunda okuhlukile kunalokhu ababekucabangile. Kwakungesona isinqumo esilula kubaba kaSimangele. Ubaba wakhe wayekhala ngokuthi akazukuhola imali eningi kulo mkhakha ayewukhetha. USimangele wayezithandela ukuba phambi kwamakamera nokuba nabalandeli abaninginingi, kodwa imali yayingayona into emkhathazayo. Wayengazi nokuthi uyohola malini mhla eqala ukusebenza.

Namuhla, uSimangele uyajabula ukuthi walandela inhliziyi yakhe. Kule minyaka engama-20 enza lo msebenzi akazisoli. Konke ukubona kwenzeka ngendlela ayefisa ngayo. Uma engahlehlisa isikhathi angaphinde akhethe wona lo mkhakha.

Uhlelo lukamabonakude alwethulayo luthandwa kakhulu ngabantu abasha. Uvame ukusebenza izinsuku ezintathu evikini ukuqopha iziqephu eziyisithupha, ezidlala amasonto ayisithupha kumabonakude. Uqala ukuqopha ekuseni kakhulu ngehora lesi-5 aze aqede ngehora le-12 emini. Emva kwalokho uphuthuma emsakazweni. Phela ubuye asebenze nasemsakazweni. Uhlelo lwakhe lwasemsakazweni lungena ngehora lesi-2 ntambama luphele ngehora lesi-5 kusukela ngoMsombuluko kuze kube nguLwesihlanu. Unenhlahlala ukuthi abantu asebenzisana nabo bayasiqonda isimo sakhe futhi benza izinto zibe lula kuye.

Njengomuntu ongasaziwayo, ubuye abizwe ezindaweni ezahlukene ukuba azonandisa noma azokhuthaza. Uvame ukucelwa ukuba abe ngumphathi wohlelo emishadweni ngezimpelasonto. Ngezinye izinsuku wenza ucwaningo noma abe nemihlangano nabadidiyeli bohlelo lwakhe lwakumabonakude.

USimangele ukholelwa ekutheni kubalulekile ukuba ube nephupho empilweni bese ulilandela. Uyabancoma abazali bakhe ngokuba bamvumele ukuba alandele inhliziyi yakhe noma kwakungelula ekuqaleni. Ubaba wakhe nguye ongumlandeli wakhe omkhulu. Akaphuthelwa wuhlelo lwakhe olukumabonakude olungena njalo ngoLwesine ngehora lesi-6 ebusuku.

USimangele ungowesifazane ozaziyo ukuthi ufunani empilweni. Maningi amathuba avelayo manje empilweni yakhe kodwa akathatheki kalula. Akazimisele ukuthatha noma yini ngoba ehehwa yimali angayihola. Ufuna ukwenza umsebenzi ozogcina isithunzi sakhe sihloniphekile futhi wenze nabazali bakhe bahlale beziqhenya ngaye.

15 Sasiyini isifiso sabazali bakaSimangele ngempilo yakhe?

.....
 [1]

16 Yikuphi okwamenza wakuthanda kakhulu ukusebenza kumabonakude?

.....
 [1]

17 Kungani wayekhathazeka ubaba kaSimangele kulo mkhakha ayewukhetha?

.....
 [1]

18 Ucabanga ukuthi uSimangele wakhetha umkhakha ofanele? Sekela impendulo yakho.

.....
 [1]

19 Bhala imisebenzi **emibili** eyenziwa nguSimangele ngesikhathi esifanayo.

.....
 [1]

20 Usebenza izinsuku ezingaki emsakazweni uSimangele?

.....
 [1]

21 Ujwayele ukwenzani uSimangele ngezimpelasonto?

.....
 [1]

22 Chaza ukuthi ekugcineni sebunjani ubudlelwane bukaSimangele nobaba wakhe.

.....
 [1]

23 Bhala izinto **ezimbili** ezenza uSimangele angathatheki kalula yimisebenzi evelayo noma inemali eningi.

.....

 [2]

[Amamaki: 10]
 [Turn over

Umsebenzi 7

24 Uthishomkhulu wesikole sakho uphakamisa ukuthi isikole kumele siqale emini kakhulu ebusika. Uthisomkhulu uzohlangana nawe njengomholi wabafundi ukuzwa ukuthi ucabangani ngalokhu.

Bhala ozokusho kuye uthishomkhulu ngalokhu akuphakamisile.

Abazali nabafundi banemibono ehlukenene ngalokhu.

- Kuhle lokhu ngoba kuyaphuza ukukhanya ebusika
- Lokhu kuzophazamisa izinhlelo zethu njengabazali
- Kulukhuni vele ukuvuka ebusika
- Kade sasingena ngesikhathi esifanayo isikole ehlobo nasebusika ngaphandle kwenkinga

Imibono engenhla ingakunika amasu okwenza lo msebenzi kodwa uvumelekile ukusebenzisa eyakho imibono.

Umbiko wakho kumele ube ngamagama angama-**200** kuya kwangama-**250** ubude.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-8 okuqukethwe.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-7 olimi nesitayela.

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

A series of horizontal dotted lines for writing, spanning the width of the page.

A series of horizontal dotted lines for writing.

[Amamaki: 15]

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (UCLES) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

To avoid the issue of disclosure of answer-related information to candidates, all copyright acknowledgements are reproduced online in the Cambridge Assessment International Education Copyright Acknowledgements Booklet. This is produced for each series of examinations and is freely available to download at www.cambridgeinternational.org after the live examination series.

Cambridge Assessment International Education is part of the Cambridge Assessment Group. Cambridge Assessment is the brand name of the University of Cambridge Local Examinations Syndicate (UCLES), which itself is a department of the University of Cambridge.